OKUQUKETHWE IZINHLELO ZOKUTHUTHUKISWA KWAMAKHONO WOMNYANGO WEZOKUVAKASHA

1. UHLELO LOKUQEQESHWA ABATHWESWA IZIQU ZEZOKUVAKASHA

Inhloso yalolu hlelo ukuhlomisa abathweswe iziqu ngamakhono adingekayo, ulwazi nesipiliyoni okuzobalungiselela ukulungela umsebenzi emkhakheni wezokuvakasha nowokwamukelwa kwezihambi.
Lolu hlelo luqondise entsheni engasebenzi eneziqu zezokuvakasha nokwamukelwa kwezivakashi. Ubude besikhathi sohlelo yizinyanga eziyi-12, esakhiwe umhlangano wokucobelelana ngolwazi ngokulungela umsebenzi kanye nokuqashwa ngabaqashi abangabasingathi.
Izitifiketi zokuphothula zizonikezwa ngabaqashi abangabasingathi ababambe iqhaza.

Imibandela yokukhetha abahlomulayo:

- Abafakizicelo bafanele babe phakathi kweminyaka eyi-18-35
- Iziqu zezokuvakasha nokwamukelwa kwezivakashi (hlinzeka amakhophi aqinisekisiwe ezitifiketi)
- Ikhophi kamazisi (ye-ID) eqinisekisiwe (iSakhamuzi SaseNingizimu Afrika)
- Abathweswe iziqu, intsha engasebenzi, kubandakanya nabaphila nokukhubazeka
- Ubufakazi bendawo yokuhlala, kanye nanoma yisiphi esinye isitifiketi/izitifiketi ezifanele
- Abahlomulayo abake babamba iqhaza ezinhlelweni zoMnyango zelenashiphu noma zamakhono phambilini bafanele bakuveze encwadini yokufaneleka (CV).

Abahlanganyeli bazothola imadlana yezibonelelo yanyanga zonke

Imibuzo ingathunyelwa ku: skillsdevelopment@tourism.gov.za

2. IZINHLELO ZAMAKHONO OKUPHEKA

Izinhlelo zamakhono okupheka ziqukethe wonke amakhono ahlobene nokulungiselela ukudla. Lezi zinhlelo zamakhono ziqondiswe entsheni engasebenzi efisa ukwenza umsebenzi womkhakha wezokuvakasha kanye nokwamukelwa kwezivakashi. Lezi zinhlelo zizosetshenziswa isikhathi esiyizinyanga ezi-3, esi-6 neziyi-12. Amakhono ahlinzekwayo abandakanya, phakathi kwamanye, kodwa kungapheleli, kwalandelayo:

- Ukuphepha kokudla kanye nenhlanzeko
- Amakhono okubhaka amakhekhe
- Amakhono okugaya
- Ukulungiselela ukudla kanye nokuthosa
- Ukudla okusheshayo
- Ukudla neziphuzo
- Ubuciko nokusebenza ngokulungiswa kokudla endaweni yokuhweba

Izitifiketi ezigunyaziwe zizokhishwa lapho kuqedwa uhlelo lokuqeqesha

Imibandela yokukhetha abahlomulayo:

- Abafakizicelo bafanele babe phakathi kweminyaka eyi-18-35
- Iziqu zezokuvakasha nokwamukelwa kwezivakashi (hlinzeka amakhophi aqinisekisiwe ezitifiketi)
- Ikhophi kamazisi (ye-ID) eqinisekisiwe (iSakhamuzi SaseNingizimu Afrika)
- Intsha engasebenzi, kubandakanya nabaphila nokukhubazeka
- Ubufakazi bendawo yokuhlala, kanye nanoma yisiphi esinye isitifiketi/izitifiketi ezifanele

- Abahlomulayo abake babamba iqhaza ezinhlelweni zoMnyango zelenashiphu noma zamakhono phambilini bafanele bakuveze encwadini yokufaneleka (CV).

Abahlanganyeli bazothola imadlana yezibonelelo yanyanga zonke

Imibuzo ingathunyelwa ku: skillsdevelopment@tourism.gov.za

3. UKWAMUKELWA KWEMFUNDO YANGAPHAMBILI YOMSEBENZI (I-ARPL) KWABAPHEKI

UHlelo Lokwamukelwa Kwemfundo Yangaphambili Yomsebenzi (i-ARPL) luhlose ukwamukela ukufunda kwangaphambili kwaBapheki ukuze bathole iziqu ezisemthethweni (Iziqu zomsebenzi wabapheki - SAQA ID 101697).

Inhloso yalolu hlelo ukuthatha abafundi ngenqubo ye-ARPL ukuze bathole iziqu zabapheki ezingeni le-NQF 5 kanye namazinga okuqokwa kochwepheshe. Lolu hlelo luqondiswe kubapheki abaqashiwe abanamakhono nesipiliyoni abangenazo iziqu ezisemthethweni.

Imibandela yokukhethwa:

- Abafakizicelo bafanele babe neminyaka eyi-19 nangaphezulu
- Bafanele babe izakhamuzi zaseNingizimu Afrika
- Bafanele okungenani babe nesipiliyoni sasembonini seminyaka emi-3, esebenza njengompheki ekhishini elihlelwe ngamazinga
- Bafanele bakwazi ukukhuluma, ukufunda nokubhala isiNgisi
- Babe nothando lokudla, ikhono lokusebenza kanzima kanye neso lemininingwane

4. UHLELO LOKUTHUTHUKISA IZIKHULU ZABESIFAZANE

Lolu hlelo luqondiswe kwabesifazane abaqashiwe kusukela ezingeni labaphathi abaphakathi nangaphezulu. Ukuqasha kwenziwa kuzo zonke izifundazwe.

Inhloso enkulu yalolu hlelo ukuqeqesha abaphathi ngesikole samabhizinisi esamukelwe saseNingizimu Afrika, ukubalungiselela izikhundla eziphezulu kanye/noma zebhodi, kanye namanye amathuba emkhakheni wezokuvakasha.

Imibandela yokwamukelwa

- Iminyaka emithathu, iJazi noma iDiploma Kazwelonke ebhaliswe yi-SAQA enamakhredithi ayi-360 esikhungweni esigunyaziwe.
- Ufanele ube ngowesifazane waseNingizimu Afrika;
- Abe okungenani neminyaka emi-3 yesipiliyoni sokuphatha emkhakheni wezokuvakasha, esikhundleni salokho kuzobhekwa iphothifolo yobufakazi bokufunda kwangaphambili.
- Akwazi ukufinyelela kwikhompuyutha ne-inthanethi.

Ukwamukelwa kuzovunyelwa ngokuqonda ukuthi ababamb'iqhaza bangakwazi ukuya emihlanganweni yeqembu yamasonto onke kanye nezingxoxo, kanye nezikole ezimbili zokufunda okuyimpoqo endaweni ekhethiwe.

5. UKUQEQESHWA KWABASIZI BEZIVAKASHI

Ukusiza izivakashi kuyingxenye ebalulekile yochungechunge lomkhiqizo wezokuvakasha njengoba kudlala indima ebalulekile ekwakheni isithombe esihle ngezwe lethu.

ENingizimu Afrika, ukusiza izivakashi kuwumsebenzi olawulwayo ongamelwe umthetho kazwelonke nezinqubomgomo. Nanoma yimuphi umuntu ongathanda ukuba ngumsizi wezivakashi ufanele aqeqeshelwe njengengxenye yeziqu ezisemthethweni, ezibhaliswe kwiSiphathimandla Seziqu SaseNingizimu Afrika (i-SAQA). Lapho ethathwa njengomuntu ofanelekayo, lowo muntu uzothola isitifiketi esikhishwe yiSiphathimandla Sezemfundo Nokuqeshwa Emkhakheni Wamasiko, Ubuciko, Ezokuvakasha, Ukwamukelwa Kwezivakashi Nezem'dlalo (i-CATHSSETA) nokuma kunanoma yisiphi esinye isikhungo esigunyaziwe. Abantu abaphumelele bafanele bafake izicelo kuMbhalisi Wezifundazwe ofanele ukuze babhaliswe ukuze basebenze ngokusemthethweni.

Iqhaza nomsebenzi womsizi ukuhlela, ukwazisa kanye nokujabulisa. Abasizi kakhulukazi bangabantu abazimele futhi bayazisebenza, ngokuvamile basebenza ngezikhathi ezithile zonyaka nangamahora angajwayelekile. Umsebenzi uvamise ukutholwa ngokuthintana ngqo nabaqhubi bezokuvakasha nezinye izinhlaka ngakho-ke, abasizi bafanele bakwazi ukuzimela futhi bakwazi ukuzimaketha.

UMnyango ubulokhu uxhasa ngezimali izinhlelo zokuthuthukisa amakhono abasizi bezivakashi ukuze kuthuthukiswe izinsizakalo ezihlinzekwa ngabasizi bezivakashi, kanye nokuthuthukisa iziNhlelo Zokuqeqesha Abasizi Bezivakashi abasha abafisa ukungena emsebenzini yokusiza izivakashi. Izinhlelo ezivame ukusetshenziswa zikhangiswa kuzo zonke izinkundla zokuxhumana zeminyango, kubandakanya newebhusayothi yomnyango. Ukuqeqeshwa kuvame ukusekelwa ezidingweni futhi kuhlose ukubhekana nokunganeli kwamakhono ngaphakathi emkhakheni. Ngakho-ke, imibandela yokukhethwa kwabahlomulayo iyahlukahluka futhi incike ohlotsheni lokungenelela kokuqeqeshwa.

Imibuzo ingathunyelwa ku: TGtraining@tourism.gov.za

6. UHLELO LWE-INTHENSHIPHU

UMnyango ukhangisa uhlelo lwawo lwe-inthenshiphu ukusekela abathweswe iziqu ekuthuthukiseni isipiliyoni kanye namakhono asekelwe emsebenzini ukuze uthuthukise ikhono labo lokuthola ukuqashwa emakethe yezabasebenzi jikelele. Lolu hlelo luhlose ukudalula abaqeqeshwayo abaqokiwe endaweni yokusebenza ukuze bathole amakhono kanye nesipiliyoni ngokufunda okusekelwe emsebenzini.

Inqubo Yokufaka Izicelo
Izikhangiso ezikusekhula ye-DPSA, kwiwebhusayithi yomnyango (www.tourism.gov.za) kanye nasezinkundleni zokuxhumana.

Isicelo sokubamba iqhaza ohlelweni lwe-inthenshiphu sifanele sifake lokhu okulandelayo:

- Incwadi yesicelo
- Ifomu elisha le-Z83 elitholakala kwiwebhusayothi yomnyango noma ye-DPSA
- Ikharikhulamu-vithaye (CV)

7. UHLELO LOKUQAPHA EZOKUVAKASHA

UHlelo Lokuqapha Ezokuvakasha luwuhlelo olunikezwa uMnyango Wezokuvakasha. Lolu Hlelo lusetshenziswa ngaphansi koHlelo Olweluliwe Lwemisebenzi Yomphakathi (i-EPWP) ukuze kubhekwane nezinkinga zokuphepha kwezokuvakasha ngenkathi kubhekwana nokwentuleka kwemisebenzi ngokuqeqesha nokutshala intsha engasebenzi ezindaweni ezibalulekile zokuvakasha.
Luhlose futhi ukuqwashisa ngezokuphepha, ukunciphisa izehlakalo zobugebengu ezibhekiswe kuzivakashi kanye nokunciphisa ubungozi emisebenzini yezokuvakasha ngokuhlomisa ababamb'iqhaza ngamakhono nesipiliyoni somsebenzi oboanakalayo.

Inqubo yokuqeqesha

Lolu hlelo lubandakanya ukuqeqeshwa, ukuboniswa emsebenzini kanye nokutshalwa kwaBaqaphi Bezokuvakasha ezindaweni kakwiziza ezihlonziwe ezikhanga izivakashi ukuze kuthuthukiswe ukuphepha kwezokuvakasha.
Abaphumelele bazosayina izinkontileka lapho bebhaliswa oHlelweni futhi kuyodingeka benziwe uhlolo lwezokuphepha. Uma kwenzeka luba nomphumela ongemuhle uhlolo lwezokuphepha, lowo muntu uzokhululwa oHlelweni.

Ukuqeqeshwa kuyadingeka ngokubonakalayo futhi kuthatha isikhathi esiyizinyanga eziyishumi nambili (12), okuzinyanga ezintathu (3) ezinikezelwe ekuqeqeshweni kwethiyori kanye nezinyanga eziyisishiyagalolunye (9) ezisele ezikhona zokuqeqeshwa ngokwenza emsebenzini.

Baphinde baqeqeshwe mayelana nokunakekelwa kwamakhasimende kanye nangemithethonqubo ukuze uMqaphi Wezokuvakasha akwazi ukuxhumana nezicukuthwane zakwamanye amazwe nezasekhaya, amanxusa, kanye nezinye izivakashi ezisezingeni eliphezulu nezivakashi ezizobe zihambele imicimbi eNingizimu Afrika.

Imibandela yokukhethwa kwabahlomulayo

- Bafanele babe izakhamuzi zaseNingizimu Afrika
  Intsha engasebenzi ephakathi kweminyaka eyi-18 nangama-35
- Bangabi nerekhodi lobugebengu
- Bahlala endaweni engama-25 km ezungeze indawo yokuqeqeshwa
- Babe bengazange babambe iqhaza kunanoma yiluphi uHlelo Olweluliwe Lwemisebenzi Yomphakathi (i-EPWP)

AbaQaphi Bezokuvakasha bazothola imadlana yezibonelelo yanyanga zonke

Imibuzo: Mnu John Ndhlovu
Ucingo: 012 444 6391
Imeyili: jndhlovu@tourism.gov.za

Yonke imibuzo ingathunyelwa ku:

MNYANGO WEZOKUVAKASHA
Isikhungo Sezincingo: 012 444 6730/6621 | I-imeyili: callcentre@tourism.gov.za
IHhovisi Likazwelonke: 012 444 6000
Ikheli Lendawo: Tourism House, 17 Trevenna Street, Sunnyside
IKheli Leposi: Private Bag X424, PRETORIA, 0001
Iwebhusayithi: www.tourism.gov.za